

UMGOMO

Urasūlullāh ﷺ unikeze USayyiduna Ibn 'Abbās ؓ iseluleko esilandelayo:

“Vikela [imiyalo] ka-Allāh Ta'ālā, u-Allāh Ta'āla Uzokuvikela. Vikela [imiyalo ka] Allāh UTa'āla usizo lwaKhe luzoba nawe. Uma ucela, cela ku-Allāh Ta'ālā futhi uma udinga usizo, funa usizo ku-Allāh Ta'ālā. Yazin gokuqiniseka ukuthi uma bonke abantu bangahlangana ukuze bakusize, abakwazi ukwenza kanjalo, ngaphandle kwalokho okunqunywe ngu-Allāh Ta'āla; futhi uma bonke behlangana ukukulimaza, abakwazi ukukulimaza ngaphandle uma kuyisinqumo sika-Allāh Ta'ālā. Amapeni [Ukuqopha ikusasa) a h o x i s i w e K a n y e n a m a b h u k u .

[Tirmidhi, 2516]

“Ukucabangisisa kuvela ku-Allāh Ta'ālā kanti ukushesha kuvela kusathane.”

[Abū Ya'lā, 4256 / Tirmidhi, 2012]

Sithole imibuzo eminingi maqondana nokukhishwa kohlelo lokugoma lwe-Covid-19 olusondele. Ngemuva kokucabangisisa kabanzi, nocwaningo, nokucabangisisa, kanye nemibono yochwepheshe abahlukahlukene bezokwelapha, kusiholele kulezinqumo ezilandelayo ngaloludaba.

Ngaphandle kwezici ze-fiqh eziphatelene nezakhi kanye nezithako, isici esibalulekile sokuthatha isinqumo, **sokwamukeleka kwanoma ikuphi ukwelashwa**, ukuphepha nobungozi obufihlekile empilweni yomunye nomunye.

Ukukhathazeka okuphatelene nemithi yokugomela iCOVID-19 yamanje, ibandakanya phakathi kokunye, ubungozi obungaba khona bokuthuthukisa **izifo ezizimele kanye nengozi engaba khona yokuqina kakhulu kokugula kwe-COVID-19 uma kwenzeka umuntu ethola ukutheluleka emva kokuthatha umuthi wokugoma**. Lokhu ukukhathazeka kokugcina, okwaziwa ngokuthi ukuthuthukiswa okuncike kumasotsha omzimba, kuyinkinga echazwe kahle yenye icoronavirus kanye nemithi yokugoma ehlobene eyakhandwa esikhathini esedlule. Ngenxa yokushoda kwesikhathi eside kweminingwane yezokuphepha njengamanje, akwaziwa ukuthi abantu abathatha imithi yokugomela iCOVID-19 ingadala izinkinga.

Ngaphezu kwalokho, imibiko yokufa kwabantu ezingxenyeni ezahlukene zomhlaba, olandela ukugonyelwa kwe-COVID-19 kwandisa ukungabazeka

kokusebenza komuthi olwa namagciwane amasha awukasungulwa.

Ngaphezu kwalokho, kuyaqondakala ukuthi **ukusatshalaliswa kwale mithi yokugoma umhlaba wonke kube yinto esheshiswe ngokweqile**. Inqubo ngokwesiko kuthatha iminyaka emihlanu kuya kweyishumi ngaphambi kokuba ukhishwe uze ezimakethe kwenzekke kungakapheli izinyanga ezimbalwa. Ngakho-ke, kukho konke, **kunokushoda kwesikhathi esiphakathi neside kweminingwane yokuphepha yemithi yokugoma iCOVID-19**.

NjengamaMuslim, sibophezelekile ukugcina inhlalakahle yethu futhi sigweme ukulimala, futhi, uma sizithola sigula, ukusebenzisa lezo zindlela ezivumelekile (Halāl) futhi, ngokusebenzisa isipiliyoni, ngokulindelekile kokwelashwa.

Sibophezelekile futhi ukuthi siqhelelane nalezo zindlela ezingaba nemiphumela emibi kakhulu.

Uma sicabangela izibopho zethu zemithetho yenkolo (Shar'ī), ukungaqiniseki mayelana nezithako, iminingwane etholakalayo, iqiniso lokuthi kuyindlela yokuvimbela hhayi umuthi njengokusho, asikho esimweni sokuyikhuthaza, ngakho-ke seluleka ngokuthi niqaphele.

Umprofethi ﷺ wethu othandekayo usinikeze ikhambi eliqinisekile lokuphepha kuzo zonke izinhlobo zokulimala Kanye nezifo. Siyelulekwa ukuba sifunde leDua elandelayo kathathu njalo ekuseni nakusihlwa:

اللَّهُمَّ عَافِنِي فِي بَدَنِي، اللَّهُمَّ عَافِنِي فِي سَمْعِي، اللَّهُمَّ عَافِنِي فِي بَصَرِي، لَا إِلَهَ إِلَّا أَنْتَ

Ukuhumusha: O Allāh, ngiphe inhlalakahle, ubuhle (āfiyah) emzimbeni wami; O Allāh ngiphe inhlalakahle, ubuhle (āfiyah) ezindlebeni zami; O Allāh, ngiphe inhlalakahle, ubuhle (āfiyah) embonweni wami. Akekho ofanelwe ukukhonzwa ngaphandle kwaKho.

[Sunan Abu Dawud, 5090]

Kwangathi u-Allāh Ta'ālā angagcina izimpilo zethu nokholo lwethu futhi Asinikeze i-āfiyah kwinkolo yethu nakulomhlaba. Ameen

25 Jumād al-Ākhirah 1442 / 08 February 2021

A0012



WIFĀQUL 'ULAMA (SA)
ASSOCIATION OF SOUTH AFRICAN 'ULAMA

ASPIRING TO PRESERVE THE ESSENCE OF SUNNAH